



ALGERIA



ZIMBABWE



ZAMBIA

SAHRAWI ARAB  
DEMOCRATIC REPUBLIC

UGANDA



TUNISIA



TOGO



TANZANIA



SWAZILAND



ANGOLA



BENIN



BOTSWANA

BURKINA  
FASO

BURUNDI



CAMEROON



CAPE VERDE

CENTRAL  
AFRICAN  
REPUBLIC

CHAD



COMOROS

CÔTE  
D'IVOIREDEMOCRATIC  
REPUBLIC OF  
CONGO

DJIBOUTI



EGYPT

EQUATORIAL  
GUINEA

ERITREA



ETHIOPIA



GABON



GAMBIA



PARLIAMENT  
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



GREAT PYRAMIDS OF EGYPT

# A<sup>25</sup> MAY AFRICA DAY

“AFRICAN RENEWAL, ADVANCEMENT AND DEVELOPMENT”

TIMBUKTU MANUSCRIPTS II -  
MATHEMATICS, ASTRONOMY

GOLDEN RHINO FROM THE  
KINGDOM OF MAPUNGUBWE  
(SOUTH AFRICA)

AUSTRALAPITHECUS SEDIBA  
(SOUTH AFRICA)

TIMBUKTU MANUSCRIPTS III -  
ASTRONOMY TABLES



MADAGASCAR



SUDAN



SOUTH AFRICA



SOMALIA



SIERRA LEONE



SEYCHELLES



SENEGAL

SAO TOME  
AND PRÍNCIPE

RWANDA

REPUBLIC OF  
THE CONGO

NIGERIA



NIGER



NAMIBIA



MOZAMBIQUE



MAURITANIA



MAURITIUS



MOROCCO



MALI



MALAWI

## UKUGUBHA USUKU LWE-AFRIKA

- Usuku lwe-Africa lugujwa minyaka yonke zingama-25 kuMeyi
- INhlango Yobumbano Lwe-Afrika (OAU) yasungulwa zingama-25 kuMeyi 1963 e-Addis Ababa, e-Ethiopia
- Ukukhumbula lokhu, uSuku Lwe-Afrika luzogujwa okwama-48 kulo nyaka
- I-OAU yazala i-African Union (AU) eyasungulwa eThekwini,e-South Africa ziyi-9 Julayi 2002
- Kunamazwe angama-54 e-Afrika kanti angama-53 awo angamalungu e-AU. Izwe lase-Morocco alilona ilungu le-AU.
- I-AU isihlanganise izwekazi le-Afrika ukubhekana nezinselelo ezifana nengxabano yezimpi ngezikhalu, ukuguquka kwesimo sezulu kanye nobubha.

## UKUBALULEKA KOSUKU LWE-AFRIKA

- USuku Lwe Afrika luwukubungaza i Afrika, abantu bayo kanye nobumbano
- Luwukuvuma inqubekelaphambili esiyenziwe abantu base-Afrika nokubhekha izinselelo ezifanayo esibhekene nazo emhlabeni jikelele

## IQHAZA LE-AFRICAN UNION (AU) KWIZWEKAZI

- I-AU iyisikhungo esiqavile ekuthuthukiseni ukubambisana ezwenikazi kwezenhlalo nomnotho, kuhloswe ukuhlangana nokubambisana okukhulu phakathi kwamazwe kanye nabantu base-Afrika
- I-AU isekelwe phezu kombono ofanayo wezwekazi elinokubambisana futhi elinamandla
- Isekelwe futhi esidingweni sokwakha ukubambisana phakathi kohulumeni nayo yonke imikhakha yomphakathi, ikakhulukazi abesimame, intsha kanye nalabo abazimele
- Njenghlangano yezwekazi, igxile kuxolo, ukuphepha nozinzo, futhi ihamba phambili ekuzameni ukuvuselela izwekazi
- I-AU ihlose ukuvikela amalungelo entandoyeningi, awabantu kanye neminotho eqhubekayo e-Afrika, ikakhulukazi ngokuqedo ingxabano nokwakha ezokudayselana ezisebenzayo.

## UMBONO

Umbono we-African Union uthi: “I-Afrika ebambisene, ethuthukayo futhi enokuthula, elawulwa izakhamizi zayo futhi emele iqembu elikhethekile ezindabenzi zomhlaba wonke”.

## **IZENZO ZOKUBAMBISANA Ze-AFRICAN UNION**

Ama-Afrika aseqhamuke nezinto azobambisana kuzo ngokusebenzisa i- AU ukuze:

- kuvikelwe indawo
- kuliwe nobuphekulazikhuni
- kuliwe nobhubhane Iwegciwane lesandulela nculazi kanye nesifo sengculazi, umalalevevanofuba
- kusetshenzwe ezintweni zobuntu njengokuhlupheka kwababhacile nabasuswe izimo ezithile ezindaweni zabo
- kugqugquzelwe uxolo, ukuphepha nokuzinza, nokwenza kube khona ukubambisana nentuthuko e-Afrika
- kuqiniswe ukubambana kulo lonke izwekazi nokwakha iphupho elifanayo lenqubekelaphambili yabantu base-Afrika.

## **NINGIZIMU AFRIKA KANYE NOKUGUJWA KOSUKU LWE-AFRIKA**

- Ukubungazwa koSuku lwe-Afrika kuveza iqhaza nokuzibandakanya kwe-South Africa ezindabenizzezwakazi
- USuku lwe-Afrika luwusuku lokubungaza amagugu ase-Afrika nokukhombisa ngomlando, amasiko nezobuciko zezwekazi i-Afrika
- Lugxilisa umuzwa wokwenza okuthile kubo bonke, ikakhulukazi intsha, ukuthuthukisa izinga lempilo yabantu bonke ezindaweni ezibalulekile ezihlanganisa lezi:
- Ezempilo, ukuphepha nezokuphepha
- Ukwakhiwa kabusha kwe-Afrika
- Ukubambisana kwezenhlalo, amasiko nezemfundu
- Ekugubheni uSuku lwe-Afrika, sithola umzuzu wokuvuselela ukuzinikela kwethu kithina, ezwenikazi lonke kanye nakumagugu ethu afanayo nalapho esiphokophele ukuya khona.

## **IQHAZA LEPHALAMENDE LERIPHABHULIKHI YASENINGIZIMU AFRIKA**

- IPhalamende leRiphabhulikihi yaseNingizimu Afrika libamba iqhaza ezihlanganweni ezahlukahlukene zase-Afrika okubalwa kuzo i-Pan African Parliament (PAP) kanye ne-Southern African Developing Community Parliamentary Forum (SADC PF)
- Ngokuhambisana nomgomo wezangaphandle wezwe laseNingizimu Afrika kunakwa ngokukhetekile i-Afrika yonke ohlakeni Iwenqubomgomoe budlelwaneni namazwe omhlaba. Lokhu kuhlanganisa ukusebenza ngokubambisana nezishayamthetho zamazwe lapho iNingizimu Afrika ebibambe khona iqhaza ekwakheni uxolo
- Kulo nyaka iPhalamende laseNingizimu Afrika lizoba ne-African Dialogue zingama-23 Meyi ezolandelwa inkulumompikiswano zingama-25 ku-Meyi ngendikimba ethi “Ukuvuselelwa kwe-Afrika, inqubekelaphambili kanye nentuthuko” ukugubha uSuku lwe-Afrika.

## I-AFRIKA NEZEHLLO 2011

I-World Economic Forum on Africa 2011: e-Kapa, eNingizimu Afrika, 4-6 Meyi 2011 Indikimba: "Ukusuka eMbonweni ukuya eKwenzeni, Ikhasi Elilandelayo le-Afrika".

I-World Economic Forum iyinhlangano ezimele ezibophezele ekuthuthukiseni ubunjalo bomhlaba ngokubheka ezamabhizinisi, ezombusazwe, ezemfundo emanyuvesi nabanye abaholi bomphakathi ukuhlela kabusha izinhloso zomhlaba, izingxenye zamazwekazi kanye nezimboni.

## UMBUKISO WEZEMPILO ZASE-AFRIKA NOMHLANGONOKAZI 9-11 MEYI, 2011

Umbukiso weZempilo Zase-Afrika noMhlanganokazi kuyoqala ngoMeyi 2011 e-Johannesburg Expo Centre, e-Nasrec, eNingizimu Afrika. EZempilo Zase-Afrika zizodonsa izinsuku ezintathu kukhulunywe ngezihloko eziningi ezithinta ezempilo e-Afrika, futhi zizoheha izinkulungwane zabantu abasebenza ngezempilo abasuka eduze nasemhlabeni wonke jikelele.

## UMCIMBI WOSUKU LWE-AFRIKA 27 – 29 MEYI

Ukugubha uSuku lwe-Afrika kusukela kuMeyi 27 - 29, eGoli kuzoba nomcimbi owaziwa ngokuthi Sanaa Africa, The Spirit of Celebration, ozofaka umgqumo wenhliyo ye-Afrika kanye nomongo onomdlandla ngokuba khona kwezobuciko ezipaphemeh, ezokunandisa, umculo nokunye kwase-Afrika.

## EZINYE IZINSUKU EZIBALULEKILE E-AFRIKA

16 Juni uSuku lweNgane yase-Afrika

9 Julai uSuku lwe-African Union

25 Septhemba uSuku Lwabesimame base-Afrika



**PARLIAMENT**  
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Produced by the  
Public Education Office  
Parliamentary Communication Services

*Inspired by People*

[www.parliament.gov.za](http://www.parliament.gov.za)  
P.O. Box 15, Cape Town 8000  
Tel: (021) 403 2911  
Fax: (021) 403 3303